"Uma sengikhulile, ngifuna ukuba yingqwele yebhola lomnqakiswano," uSiviwe ukhuluma yedwa endleleni ebuya enkundleni ngemuva kokubheka umdlalo webhola lomnqakiswano. Wayegxumagxuma elingisa ukunyakaza ayekubonile.



“Ngelinye ilanga nami ngizoba ngumdlali webhola lomnqakiswano,” watshela umama wakhe.

“Ngubani ozokwenzela imisebenzi yakho uma udlala?”

Kwakungumsebenzi wakhe ukugeza izitsha nokushanela indlu uma umama naye enza eminye imisebenzi.



Lokhu kwamphatha kabi uSiviwe ngoba kwakubonakala ukuthi impilo ilula ebafaneni.

Nasesikoleni, kwakungamantombazane kuphela ayeshanela amakilasi.

“Ngingenzani ukuze abazali bami bangivumele ukudlala ibhola lomnqakiswano?”





Ngelinye ilanga, uSiviwe wayebhampisa ibhola aliphonsa, wathuswa yizwi.

“Unekhono, Siviwe. Ungathanda ukuba seqenjini lebhola lomnqakiswano?” kubuza uthisha Menzi, umqeqeshi webhola lomnqakiswano. “Ngicabanga ukuthi siqale iqembu lamantombazane amancane ongadlala kulo.”

USiviwe wabuyela ekhaya ngalolo suku ejabulile. Wayengasakwazi nokulinda ukuthi atshele umama wakhe lezindaba, kepha wayekwazi ukuthi abasoze bamvumela.

“Uthisha wami uthi ngizoba ngumdlali webhola lomnqakiswano,” washo ngezwi elincane kwisidlo sakusihlwa.

“Umdlalo lapho uphonsa khona ibhola?” kubhinqa umfowabo, uBonga.

“Ukhuluma ngokudlala, uzoqeda nini ukugeza izitsha?” kukhalaza umama.

Walahlekelwa yithemba lonke.

Ngalobo busuku, walala edumele ngoba wayekwazi ukuthi abasoze bamvumele ukudlala umdlalo wakhe awuthandayo.



Nangempela iqembu lamantombazane amancane lasungulwa, lifaka noSiviwe.



Ngelinye ilanga, uma beziqeqesha ekuphumeni kwesikolo, uthisha uMenzi waqaphela ukuthi uSiviwe udabukile.

“Kwenzenjani, Siviwe, uyagula?” wambuza.

“Abazali bami bacabanga ukuthi umdlalo wami ukuchitha isikhathi. Abasoze bangivumele ukuthi ngidlale ngoMgqibelo,” amehlo akhe agcwala izinyembezi.

“Kubuhlungu lokho ngoba unesiphiwo. Kepha ngiyethemba ukuthi abazali bakho bangakuvumela udlale uma bengakubona usenkundleni,” kusho uthisha. “Ungakhathazeki. Ngizobhalela abazali bakho incwadi ngibacele ukuthi abakuvumele udlale.”

Lawo mazwi amnikeza ithemba.

Ngalelo viki uSiviwe wayefika ekhaya ngemuva kwesikhathi esijwayelekile ngoba babelungiselela umdlalo omkhulu. Abazali bakhe babengazi ukuthi useqenjini lebhola lomnqakiswano.

USiviwe wakhululeka ngalencwadi uthisha Menzi ayibhalele umama nobaba wakhe, emcelela imvumo ukuba adlale.

Wayengasakwazi ukulinda ukuthi afike ekhaya akhombise umama incwadi, manje usenethemba lokuthi angeke bamalele.

Wafika ekhaya wabeka isikhwama sakhe phansi, wanikeza umama incwadi.

Umama wafunda incwadi wabe esethi, “Kepha Siviwe, sikhulumile ngalokhu ngaphambilini. Ngubani ozosiza endlini? Angikaze ngibone intombazane evilapha ngaloluhlobo.”

“Mama, lokhu akuwona umdlalo kuphela; kungumdlalo webhola lomnqakiswano. Futhi uthisha wami uthi nginesiphiwo.”

Ithemba liphelile kuye. Wahamba wayokwenza imisebenzi yakhe ejwayelekile, enqume ukungaphuthelwa ngumdlalo omkhulu olandelayo.

Abazali bakaSiviwe basihlonipha isimemo sesikole. Bafika ehhovisi likathishanhloko. Uthisha wangena ngenkathi abazali bakaSiviwe behlala phansi ngemuva kokubheka ngokujabula izindondo nezindebe zemidlalo ezisegunjini. Uma uthisha uMenzi eqeda ukukhuluma, ubaba kaSiviwe wabuza, "Ucabanga ukuthi ingane encane kangaka ingadlala emidlalweni yesikole ebaluleke ngalolohlobo?"

"Uzoyenza nini imisebenzi yakhe? Silethe uSiviwe esikoleni ukuzofunda, hhayi ukuzodlala," kusho umama kaSiviwe engajabulile.

"USiviwe unesiphiwo. Ngiyacabanga ukuthi angase animangaze. Mnikezeni ithuba anikhombise." UThisha Menzi akazange aphele amandla okuguqula imiqondo yabazali. Ngale kwalokho, uSiviwe kwakumele amele isikole emdlalweni omkhulu ngoMgqibelo.

Ngakusasa ekuseni umama wathi, “Masihambe ukuze singashiywa yisikhathi.”

“Siyaphi, mama?” uSiviwe uyabuza emangele.

KwakunguMgqibelo, futhi wayesevumile ukuthi uzophuthelwa yilomdlalo.

“Shesha, Siviwe!” kumemeza ubaba wakhe.

“Awudlali namhlanje?” kubuza umama.

USiviwe wajabula! Wafuna ukuzincinza ukuze abone ukuthi akaphuphi yini. Kwakumnandi ebhasini becula izingoma zokujabula. Wayejabule kakhulu.

USiviwe wayefuna ukukhombisa abazali bakhe ikhono lakhe.

Kwakuzoba okokuqala bembona edlala. Wadlala kahle. Wabonakala ezimisele kakhulu kunakuqala. Wayeshesha nebhola. Abantu bejabulile, bememeza becula:

*USiviwe yizimu!*

*USiviwe yizimu!*

*USiviwe yizimu!*

"Indodakazi yami leyo!" umama wakhe wayetshela wonke umuntu olalele.

Abazali bakhe abazange bawakholwe amehlo abo uma bebona indodakazi yabo idlala kahle kangaka.

Njalo uma ebona abazali bakhe beme ngezinyawo bamenanela, wayezizwa eba namandla kakhulu.

Ekupheleni komdlalo, iqembu labasekeli lamdonsa lamphakamisela emoyeni ngenjabulo.

Waphakamisa izandla zakhe, emamatheka.

Isixuku sigijima enkundleni yezemidlalo, sicula izingoma zokunqoba.

*USiviwe uyizimu!*

*USiviwe uyizimu!*

*USiviwe uyizimu!*

*Yizimu, yizimu!*

Izintatheli ebezihambele lomdlalo nazo zajabulela ukunyakaza komlingo kukaSiviwe uma ephonsa ibhola. Waze wabizwa 'ngomdlali womlingo' ngoba wayemncane kunabo bonke abanye abadlali.

Izixuku zazimangele. Wayekwazi ukuthi uzokhethwa ukuba kwabayishumi abaphezulu, ukuyodlala eGoli.

“Ngangingazi ukuthi usho lokhu uma uthi udlala ibhola lomnqakiswano, ndodakazi yami,” ubaba wakhe waqala loludaba uma befika ekhaya.



“Lapha lencwadi ithi sizoya eGoli. Sizondiza ngebhanoyi!” kusho umama kaSiviwe.

UBonga, naye, wayemjabulele udadewabo. Umndeni wabuyekeza iminyakazo emangalisa kakhulu kaSiviwe enkundleni.

USiviwe wajabula ukubona abazali bakhe bejabulela akwenzayo nokuthi udlala kanjani, into ayekade eyifisa.

Ulwazi Lwethu Readers

### Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

### Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

### Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

